Downloaded from Stanmorephysics.com

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. **Fundisisa** YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni lemibuzo.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

10. Bhala ngobunono **nangesandla** esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**IZINKINGA EZIDALWA UKUCIMA KUKAGESI ENINGIZIMU AFRIKA**

1 Izakhamuzi zakuleli lizwe likaPhunga noMageba zibhekene nengwadla ngenxa kacimi cimi kagesi. U-Eskom yiyona nkampani yaseNingizimu Afrikha eyisikhondlakhondla ephakela ugesi kuleli, ayigcini lapho ibuye iwusabalalise emazweni angomakhelwane bethu okuyiLesotho, Swaziland, Botswana, Mozambique, Namibia kanye naseZimbabwe. Kubukeka sengathi nayo le nkampani seziyime emthumeni ngokumele ikwenze ukuze inqande ukudlondlobala kokucima kukagesi.

2 Kunemibono ehlukahlukene mayelana nokungasiza njengoba sikule nkinga yokuphela kukagesi. Kunemibono ethi asivele sikhohlwe ugesi sibuyele kokwakudala njengokuthi sigcwale amaqele, izinkalo, amahlathi namahlanze siyotheza izinkuni. Lokhu kuzosisiza ngoba sizokwazi ukuphemba umlilo kuvuthwe namabhodwe. Kwalani nje ukuthenga isiphefu kumbe ukwakha umgodi wopata siyeke ukudla izibozi? Le mibono ibukeka iyisixazululo esingayindawo ngoba phela ugesi uphethe yonke impilo yomuntu. Yingakho-ke siyizakhamuzi sikhungathekile ngenxa yokuhamba kukagesi. Okubuhlungu kakhulu ukuthi isimo siya ngokuba manzonzo kunakuqala.

3 Kamuva nje sibone ukucisha konga kukagesi kungena ezingeni eliphezulu kakhulu kunawo wonke ake abakhona. Leli izinga lesi-6. Uma ukuleli zinga ugesi kusho ukuthi uhamba amahora ayisi-6. Lokhu kuhamba kukagesi kuleli zinga kudale inhlekelele kubantu kanye nakuyo ingqalasizinda. Ekuqaleni kungakangenwa kulo besibona amabhizinisi amaningi evala abuye avule uma ugesi usubuyile. Libe seligaya ngomunye umhlathi kuleli zinga lokucisha konga kukagesi, umonakalo omkhulu udaleke emabhizinisini kanye nasemabhange. Amabhizinisi amaningi awe bhu phansi ngenxa yokuthikamezeka komkhiqizo. Bekungokokuqala ngqa sibona amabhange engasebenzi uma kuhambe ugesi, amanye ebegcina esebenza amahora amabili vo ngosuku. Ukungasebenzi kwamabhange kudale nokuthi emishinini ekhipha imali kucwebe iziziba.

4 UMongameli wezwe laseNingizimu Afrikha usethathe isinqumo sokuba amemezele ukuhamba kukagesi kuleli njengesehlakalo esiyinhlekelele. Inhlekelele isimo esithinta izwe lonke esinzima esingalawuleki kumbe esingabekezeleleki esidala umonakalo omkhulu empilweni yabantu, ukumoshakala kwempahla kanye nokukhinyabezeka komnotho.

Inhlekelele ingahlukaniswa izigaba ezimbili. Kukhona inhlekelele edalwa imvelo njengezikhukhula, intabamlilo, ukubheduka kwezifo ezingelapheki, isomiso kanye nokunye. Enye inhlekelele idalwa isintu okungaba iziqhumana, ukuphahlazeka kwebhanoyi, ukusabalala kukashevu kufe abantu abaningi. Izakhamuzi zaseNingizimu Afrikha sezize zaba nesilokozana ngenxa

Downloaded from Stanmorephysics.com

yezinkinga ezidalwa ucimi cimi kagesi. Kwale noma sekukhethwa ibhodi elisha lenkampani yakwa-Eskom awukho umehluko. Izikhulu zakwa- Eskom zibika imbiba zibike ibunzi. Ngelinye ilanga izinjini zokuphehla ugesi zifile, kothi sisalalele lokho kuthiwe bashodelwa udizili, inkinga yamalahle kanye nengcindezi kuziphehlimandla iMedupi kanye neseKusile. Kuke kwakhalwa nangesimo sezulu esibi kanye nokunye okuningi, phela **<u>umlomo ishoba lokuziphungela.</u>** Uma u-Eskom esezithethelela uthi ukucisha konga kukagesi bakwenzela ukuvimbela ukuthi izwe lingabi sebumnyameni isikhathi eside ngoba uma kungaba njalo umonakalo uzoba mkhulu kunalokhu oyikho.

**5** Ukuhamba kukagesi kudale indlala emizini eminingi. Uma kuhambe ugesi awukwazi ukubeka ibhodwe eziko. Ukudla kuyonakala kugcine sekuchithwa. Ngisho ufuna ukulula izimpahla zokugqoka awukwazi kungenagesi. Angisayiphathi-ke ekamabonakude, uvele uthi lotho usathi usabukela uhlelo oluyintandokazi. Abantu abasuke besemsebenzini basuke behambela ubala ngoba bafika emsebenzini bahlale kumbe bahuqe ubuthongo uma ugesi ungekho. Abasebenzi abaningi kuvele kuthi nyampu kumakhompyutha kanye nakuyinethiwekhi besathi bayaqala ukusebenza. Izingcingo eziba semahhovisi zivame ukusebenza ngogesi yingakho zithula du uma ungekho kanjalo nemishini esetshenziselwa ukwenza imkhiqizo. Amakheshi ayama nse kudingeke ukuthi abasebenzi basebenzise izitebhisi ezinde.

**6** Akulahlwa mbeleko ngakufelwa. Abanamandla bayazenza izaba ukuze impilo iqhubeke yize ugesi ungekho. Imizi eminingi isithenge izibani ezikwazi ukukhanya noma zingaxhunywanga kugesi. Eminye imizi isebenzisa amakhandlela neziphefu ukuze ikhanyise. Omacaphuna kusale bathenga izinjini abazisebenzisa uma kuhambe ugesi. Ukhona njalo nogesi welanga osetshenziswa emizini eminingi osiza kakhulu ngesikhathi sika cimi cimi. Kubukeka sengathi abadla imbuya ngothi bazothwala kanzima. Asivume ukubuyela empilweni yokusebenzisa izikhwepha siyeke impilo kagesi. Ukwenza imisebenzi efana nokuwasha izingubo, ukuhlanza ikhaya, ukuvula isango sekuzodinga izikhwepha kulabo ase bejwayele ukucofa inkinobho izinto zenzeke.

**7** Inkunzi isematholeni. Isisombululo sikacimi cimi silele entsheni yanamuhla. Intsha kumele ifunde igogode izifundo zobuchwepheshe nezobunjiniyela. Kumele iqhamuke nobuchule bolwazi olunzulu lwezindlela ezintsha futhi **<u>ezingambi eqolo</u>** zokuphehla amandla kagesi. **Siyizakhamuzi sihlalele ethembeni.**

***[Umbhalo wokuziqambela]***

Downloaded from Stanmorephysics.com

**KANYE NO**

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.
**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

**ISITHOMBE 1**



**ISITHOMBE 2**



**ISITHOMBE 3**



Stanmorephysics.com

[Zicashunwe ku – www.googlepics ]

## IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Nikeza izwe elilodwa elingumakhelwane wezwe lethu elithekela ugesi ku-Eskom. Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (1)

1.2 Tomula umusho ogqamisa ukuthi ukudla kungaphekwa ngisho ugesi ungekho. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (1)

1.3 Yisho izinto EZIMBILI ezingumonakalo omkhulu ezidalwe ukubakhona kwezinga konga lesi-6 lokucisha kuka ugesi. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3. (2)

1.4 Fingqa ngamaphuzu amane inhlekelele edalwa isintu engumthelala wokuthi u-Eskom afake uhlelo lokucima konga ugesi. Bhekisa impendulo yakho esigabeni se-4. (4)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.5 Isaga esidwetshelwe esitholakala esigabeni sesi-4 siqala ngegama umlomo. Khetha incazelo yesinye isaga esiqala ngegama umlomo kulezi zincazelo ezilandelayo.

A. Uma ukhuluma ngento embi noma enhle igcina yenzeka.
B. Umuntu ubonga noma yini ayiphiwayo akakhethi lutho.
C. Umuntu uzikhulumela yena ngokwakhe ukuze aphume enkingeni akuyo.
D. Ukhuluma kakhulu kungenasidingo yingakho ehlala exabana nabantu abaningi. (1)

1.6 Qhathanisa imqondo emibili equkethwe isigaba sesi-5. (2)

1.7 Yini inhloso yombhali ngokusethulela lesi siqeshana? (2)

1.8 Ucabanga ukuthi kungaba njani eNingizimu Afrikha uma kungafika esimweni lapho u-Eskom engacima khona ugesi isonto lonke? Sekela impendulo yakho. (3)

1.9 Hlolisisa ubuhle obuvezwa yilesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esithi '**ezingambi eqolo'** esigabeni sesi -7. (2)

1.10 Ake uncome umbhali ngendlela aphethe ngayo lesi siqeshana esebenzisa isitatimende esibhalwe ngokugqamile emgqeni wokugcina. (2)

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.11 Yisho okwenziwa abantu abasesithombeni sokuqala. (2)

1.12 Nikeza imiphumela EMIBILI emihle engadaleka kokwekwenzeka esithombeni sesi-2 uma kungaphela ukucinywa kukagesi. (2)

1.13 Qhathanisa okufanayo okuqukethwe yile mibhalo yomibili emva kokufunda UMBHALO A isigaba sesi-5 kanye nokubuka okwenzeka KUMBHALO B isithombe sesi-3. (4)

1.14 Ake uncome umsebenzi owenziwa ngabantu abasesithombeni soku-1 uveze ukubaluleka kwawo emphakathini. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) esimayelana nokudla okwakukhonzwe kakhulu ngabantu ngesikhathi sasendulo.

**QAPHELA:**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokudla okwakukhonzwe kakhulu ngabantu ngesikhathi sasendulo ngamagama akho angedluli kwangama-70
2. Fingqa ngesigaba KUPHELA.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

**UKUDLA OKWAKUKHONZWE KAKHULU NGABANTU NGESIKHATHI SASENDULO.**

Kusadliwa ngoludala kwabe kubuswa KwaZulu. Kwakungalanjwa sanhlobo ngoba kwakutshaliwe futhi kufuyiwe. Abantu bakuqala babekhuthele bengewona amavila voco ahuqa ubuthongo. Abantu baKwaZulu babengabophi inja nogodo. Incoso yayidikadikwa abanikazi bomuzi ngoba babengamakloza. Ngesikhathi sakudala kwakuhlatshwa ngisho kungonakele lutho kudliwe kubuswe kube njeyaya.

Uma kuzelwe usana ekhaya, kwakuphekwa umdokwe luphuziswe wona ukuze libe umqemane. Kwakwenziwa ikakhulukazi uma kungesona isikhathi sokusenga noma obelethile egqoza ubisi. Kwakuphinde kudliwe nohlaza ukuze umzimba uthole amavithamini adingakalayo. Phela kwakumele amabutho abe zidlakela ukuze akwazi ukubhekana nesitha. Izinziswa eziyimifece zazingafuneki sanhlobo. Njengoba abezempilo bekhuthaza ukuthi kumele kudliwe izinhlobo ezahlukene zokudla, nasemandulo babedla ukudla okunhlobonhlobo. Yingakho -ke izifo zendlala zaziyivela kancane ngesikhathi sakudala.

Amantongomane ayeshiswa ngebhodwe bese bewadla bewafake usawoti. Amafutha ayengavamile ukusetshenziswa noma babebuye bacwenge umlaza uma bekhipha izaqheqhe. Wawungeke usinike esingaboni. Wawuthola omame bezilibazisa ngawo amantongomane uma beluka amacansi bedla ingevu. Uma kwethwasa ihlobo, umndeni wawuzitika ngefutho. Ifutho ungalibilisa noma ulose kuya ngokuthanda kwakho. Abanye babeligaya lingabi namakhafilithi. Izalukazi namakhehla ayelithanda kabi ifutho ngoba kwakunzima kubo ukudla ingqathu. Akukho okwakulahlwa kwaZulu. Amaqobhe ayephoselwa izingulube kanye nezimbuzi. Uma esomile kwakubuye kuphenjwe ngawo umlilo.

Uma izulu liqhaqhazelisa amazinyo babethanda ukuphunga umhluzi. Yingakho kwaze kwavela isisho esithi iphekwa ngomhluzi wenye. Kwesinye isikhathi babewusheba noma bengawushebi. Kwakukhona namakhambi athile ababekholelwa ukuthi uma uwahlanganisa nomhluzi, aphuziswa isilwane esigulayo siphila sibe ngumqemane ngisho ngabe bese siphuma undende.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Okunye ukudla okwakwehla esiphundu futhi kuyintandokazi uma kothiwa ibandla, kwakuyinhloko eligxajisiwe yase ipholiswa. Lokhu kudla kwakungokwekhethelo futhi kuyivela kancane. Abantu besilisa babethanda ukuziphekela bona inhloko. Phela babekhala ngokuthi abantu besifazane bayayenyelisa. Abantu besifazane babengavunyelwe ukudla inhloko. Yize manje usuthola abantu besimame beyiqaqale beyehlise ngejiki, uvele usho uthi "Lafa elikaMjokwana kaNdaba".

**[Umbhalo wokuziqambela]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.1 Shono izinto EZIMBILI okumele zenziwe umthengi uma efuna ukuzizuzela lo mtitilizo. (2)

3.2 Xoxa kafushane ukuthi sibhekiswe kobani lesi sikhangisi. (2)

3.3 Chaza inhloso yokusetshenziswa kwefonti enkulu kulesi sikhangisi. (2)

3.4 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezilandelayo.

Umbhali usebenzise ulimi …. '**Umtitilizo wamajezi ebhola nama*voucher* egilosa**'

A. Ulimi oluchemile
B. Ulimi olukhohlisayo
C. Ulimi olunxenxayo
D. Ulimi olungadingekile (1)

3.5 Bhala usuku lokuvala olukulesi sikhangisi ngobhalomagama olwamukelekile. (1)

3.6 Ake uncome isu lokukhangisa kusetshenziswa izithombe kulesi sikhangisi. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




*[Icashunwe kwi-www.google.picture.ac.za, yabuye yahunyushwa kabusha]*

4.1 Shono ukuthi isibiyelo somlingiswa ongakwesokunxele sivezani kule khathuni. (2)

4.2 Chaza kafushane amazwi akhulunywa yilo okhulumayo ohlezi phansi. (2)

4.3 Yini inhloso yomdwebi wekhathuni yokuveza impilo ephilwa yilaba abasekhathunini? (2)

4.4 Ngokucabanga kwakho ngabe umdwebi wale khathuni uyihlele kanjani?

Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

A. Imbangela nomthelela
B. Inkinga nesixazululo
C. Ukwethula umyalezo
D. Ukwelekela ukuchaza (1)

4.5 Igama elivela esibiyelweni elithi '**ukugimbela**' lisetshenziselweni? (1)

4.6 Humusha ukusetshenziswa komlingiswa omkhulu ohleli phansi kule khathuni. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

### UKUNGENA ESIBAYENI

1 Isibaya indawo engcwele nebalulekile ngesintu sethu, ikakhulukazi kumaZulu. Yilapho amathongo nezinyanya zomuzi zihleli khona. Akungeni noma ubani kuso, ikakhulukazi abesifazane. Lokhu kubonisa inhlonipho kwabadala ekhaya asebaphumula. Isintu siyakholelwa ukuthi basaphila yibo ababheke ekhaya noma ababheke isizwe. Kukho konke okuhle okubavelele njalo bakuphiwa yibo abalele esibayeni.

2 Kuyisiko uma iNkosi izobekwa ukuthi ingene esibayeni ukuyogonqa, ikhothwe izinyanya ziyiphe amandla ngaphambi komgidi wokubekwa kwayo. Umcimbi obalulekile lo ngesizulu. Kuyahlonishwa akungeni noma ubani esibayeni, kungena kuphela labo abaseduze neNkosi nomndeni.Ngisho umnumzane ongusaziwayo akavunyelwa. Kuyimfihlo-ke okwenzeka khona akukhona okwabafokazana. **Kududuza abantu beNkosi kulethe nethemba lokuthi izinsizi nezinhlupheko zizoshabalala** njengamazolo ebona ilanga. INkosi iphuma lapho isinamandla nokuzethemba ukuthi izokwazi ukuphatha isizwe ngamandla ewanikwe izinyandezulu zesizwe.

3 Ukungena esibayeni kuligugu kuMzulu. Yingakho uma intombi iphuma iyogana iholwa nguyise ayidlulise esibayeni ukuze ayicelele ukuba ihambe kahle ifukanyelwe amathongo alowo muzi. Noma kunomkhuhlane ohlasele ikhaya noma isizwe umnumzane noma inkosi iphikelela khona esibayeni ukuyokhuza lolo dungunyana. Isibaya sifana nethempeli lekhaya lapho uma kukhona okungabonakali kahle usokhaya ayobika khona ecela abadala bakhuze umhlola. Uma ungakhuzwanga **umhlola** ikhaya noma isizwe siyabhubha.

***[Umbhalo wokuziqambela ngocwaningo]***

5.1 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe emgqeni woku-1 sisetshenzisweleni. (1)

5.2 Igama elidwetshelwe emgqeni wesi-2 lisetshenzisweleni? (1)

5.3 Bhala isifinyezo segama elidwetshelwe esigabeni sesi-2. (1)

5.4 Tomula umusho okhombisa ubudlelwano phakathi kwenkolo kanye nolimi esigabeni sokugcina. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.5 Shono ukuthi le thekisthi engenhla ihleleke kanjani.
Khetha impendulo eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

A. Iyalandisa
B. Iyaqhathanisa
C. Iyachaza
D. Iyafundisa (1)

5.6 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe esitholakala emgqeni we-19 sisetshenziselweni? (1)

5.7 Sebenzisa leli gama elibhalwe ngokugqamile emshweni ozakhele wona linikeze incazelo ehlukile kunale esendabeni. (2)

5.8 Emshweni obhalwe ngokugqamile, bhala imisho emibili eqondile. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**PINETOWN DISTRICT CLUSTER**

**INANDA COMPREHENSIVE CLUSTER**

**IBANGA LE-10**

# ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)
# IPHEPHA LOKUQALA (P1)
# ISIVIVINYO SIKALWEZI 2023
# UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

**Amamaki : 70**

**Isikhathi : Amahora ama-2**

**Abahloli/ Umhloli: ______________________________**

**Umcubunguli [DH]: _________________________________**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi- 9**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi kugxilwe emqondweni wempendulo, ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/ asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama angeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inikeze lona lokho kuyavumeleka.

3. Imibuzo edinga impendulo enjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa mamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/noma UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfund abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/ amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

Stanmorephysics.com

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikeziwe, uyawathola amamaki lapho umfundi ebhale impendulo ephelele kanje: A. Zamahlangu/ A (Okuwuhlamvu oluphelele).

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 1**

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBHALO A: (OFUNDWAYO)**

1.1 Iminyaka abafundi bamantombazane abakhulelwa bephakathi kwayo eyi-12 kuya kweyi-17✓✓ (2)

1.2 Izinhlaka ezimbili ezikhathazwe ukubona isimo sokukhulelwa kwabafundi bamantombazane yilezi:

- Izinhlangano ezingenzi nzuzo
- Uhulumeni
- Amakhosi
- Othisha
- Abazali✓✓

(Okubili kwalokhu okungenhla) (2)

1.3 Isikhathi samaholidi kaKhisimuzi. ✓ (1)

1.4 Okudumaze iNhloko yomNyango ukukhula kwesibalo sabafundi bamantombazane abakhulelwa besebancane bangasiqedi isikole bese beba izindleko zikahulumeni. ✓✓✓ (3)

1.5 C/ Abantu abangenalutho.✓ (1)

1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba nomphumela omubi. Othisha besilisa bangaqhubeka nokukhulelisa abafundi bamantombazane ngoba bangabe bazi ukuthi ngeke benziwe lutho noma azikho izinyathelo abangathathelwa zona. ✓✓✓
**(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka** (3)

Stanmorephysics.com

1.7 Inhloso yombhali ngokusethulela lesi siqeshana ukwethula izinkinga ezidalwa ukukhulelwa kwamantombazane asemancane ikakhulukazi afunda isikole nokuthi lo mkhuba unganqandwa kanjani. ✓✓
**(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)** (2)

1.8 Ukuba khona kwe-Statistics South Africa kuleli laseNingizimu Afrika kubalulekile ngoba iyona esiqoqela izibalo ngokukhulelwa kwamantombazane kanye nangokwezinga leminyaka. (2)

1.9 Umbono ngoba zikhona ezinye izingane zamantombazane ezihlala nabazali kodwa ezikhulelwayo. ✓✓ (2)

1.10 Lesi sitatimende sibalulekile ngoba siveza ukuthi izingane ezisencane zamantombazane ziyaye zihehwe obaba abadala ngemali. Amanye amantombazane asuke engeke ayinqabe ngoba eqhamuka emakhaya ahlwempu. ✓✓ (2)

**(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)**

1.11 Okwenzeka esithombeni soku-1 kunamantombazane asemancane asegunjini lasesibhedlela/ekilinikhi aphethe izingane.✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.12 Lezi zithombe zombili zehluke ngokuthi:
Esithombeni sesi-2 kunezingane eziningi ezamukeliswa amaphasela ngabanye abantu ✓ kanti esithombeni sesi-3 kunabazali abahlezi nezingane zabo befunda bejabule kunokubambisana ekukhuliseni izingane. ✓ (2)

1.13 Okufanayo okuqukethwe umbhalo A isigaba sesi-3 kanye nokwenzeka kumbhalo B isithombe sesi-4 ukuphathwa kosana✓✓. Umbhalo A isigaba sesi-3 sikhuluma ngothisha owabonwa umfundi ephethe usana✓ kanjalo umbhalo B isithombe sesi-4 sibona indoda iphethe usana.✓ (4)

1.14 Umbhali ukhombise ikhono eliphezulu lokukhetha izithombe ukudlulisa umyalezo wokuqwashisa ngokukhulelwa kwamantombazane esemancane nokubambisana komndeni.✓✓ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

| Amaphuzu acashuniwe | Amaphuzu owabeke ngamagama akho |
|---|---|
| 1. Qinisekisa ukuthi uyabhukha kusenesikhathi ezikhungweni ezidayisa amathikithi. | 1. Qikelela ukuthi uthenga amathikithi ngesikhathi ezindaweni eziwadayisayo. |
| 2. Ungalinge ukhohlwe ukuphatha umazisi wakho ngoba yiwona phasiphothi ongena ngayo ebhanoyini. | 2. Yenza isiqiniseko sokuthi awuwushiyi umazisi wakho ngoba yiwona ovunyelwa ukungena ngawo ebhanoyini. |
| 3. Kubalulekile ukuthi ube sesikhumulweni sezindiza ihora ngaphambi kwesikhathi salo ukuze ungalikhombi. | 3. Fika esikhumulweni samabhanoyi phambi kwesikhathi esingaba imizuzu engama-60 ukuze lingakushiyi. |
| 4. Esikhumulweni samabhanoyi yazi ukuthi iyiphi inkampani yamabhanoyi ozohamba ngayo. | 4. Kumele ube nolwazi lokuthi uzohamba ngayiphi inkampani yamabhanoyi. |
| 5. Zibheke ukuthi igama lakho liyavela kwi-khompuyutha kubantu abahlelelwe ukuhamba ngalolu suku ngaphambi kokuyodla elawunji. | 5. Qaphela ukuthi igama lakho likhona ohlwini labantu abakukhompuyutha abazogibela ngaphambi kokuyomaya endaweni yokudlela. |
| 6. Qinisekisa ukuthi uma esangweni okuyilona lona. | 6. Yiba sesangweni ogibela kulo ngesikhathi. |
| 7. Qikelela ukuthi uma usuphakathi ebhanoyini awuhlali noma ikuphi kepha uhlala esitulweni esibhalwe ethikithini lakho. | 7. Qinisekisa ukuthi uhlala esihlalweni esihambisana nenombolo yethikithi lakho ebhanoyini. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UKUFINGQA NGESIGABA

Qikelela ukuthi uthenga amathikithi ngesikhathi ezindaweni eziwadayisayo. Yenza isiqiniseko sokuthi awuwushiyi umazisi wakho ngoba yiwona ovunyelwa ukungena ngawo. Qinisekisa ukuthi ufika esikhungweni samabhanoyi phambi kwesikhathi esingaba imizuzu engama-60. Esikhumulweni samabhanoyi kumele ube nolwazi lokuthi uzohamba ngayiphi inkampani yamabhanoyi futhi qaphela ukuthi igama lakho likhona ohlwini labantu abakukhompuyutha abazogibela ngaphambi kokuyofuna okuya esiswini/kokuyomaya endaweni yokudlela.. Yiba sesangweni ogibela kulo ngesikhathi. Qinisekisa ukuthi uhlala esihlalweni esihambisana nenombolo yethikithi lakho.

[Inani lamagama=70

### AMAMAKI ESIQEPHU B: [10] INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA

- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyikho.

**Ukwabiwa kwamamaki**

- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7(imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo:**

- 1-3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  4-5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6-7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**

- Amaphuzu acashuniwe ayisi -6 kuya kwayisi-7: akukho maki alitholayo.
- Amaphuzu acashuniwe ukusuka kweli-1 kuya kwama-5: unikwa imaki elilodwa lolimi.
- 6-7 amaphuzu acashuniwe awekho amamaki olimi:
  1-5 amaphuzu acashuniwe nikeza imaki elilodwa lolimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa kwamagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokwehluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe lowo musho kuze kufike lapho uphela khona umusho bese ingabe isabhekwa imisho elandelayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**QAPHELA:**

Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).
Isibonelo sokumaka ukufingqa: ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu acashuniwe ama-3 (C) yase ithola ahunyushiwe ama-3 (H). ✓ Uzowahlanganisa amamaki akho kanje:

**Isib. 1**
C= 3
H=3
<u>L= 1</u> <u>07</u>

Lokhu kusho ukuthi le ngane ithole imiklomelo eyisi-07 ekufingqeni.

**Isib. 2** ✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu acashuniwe eli-1 (C) yase ithola ama-4 ahunyushiwe. C= 1
H= 4
<u>L= 2</u>
<u>07</u>

Lokhu kusho ukuthi le ngane ithole imiklomelo eyisi-7 ekufingqeni.

**Isib. 3**
✓ Ake sithi ingane ithole amaphuzu ahunyushiwe ama-6 (H) yase ingatholi lutho ekucaphuneni.
H= 6
L= 3
<u>C=0</u>

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**

**INDLELA YOKUMAKA**

1. **ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA**
   - Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
   - Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mababaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
   - Uma impendulo ifuna isifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokuloba/ lokubhala.

2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandele imiyalelo yombuzo.

3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwezinikeziwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: D. Sibongakonke noma D okuwuhlamvu oluphelele.)

**UMBUZO 3**

3.1 Uphawu lokubabaza lusetshenziselwe ukugqamisa ukuthi kukhokhwa imali encane kakhulu eyi-R150. ✓✓ (2)

3.2 Lesi silogeni sigqugquzela umfundi wesikhangisi ukuthi ahlele ngokushesha ukuba imali ibanjwe, angalindi. ✓✓ (2)

3.3 Ukusetshenziswa kolimi olukhohlisayo oluthi 'Lena ngeyakho! kwenza ue wonke umuntu acabange ukuthi angakhokha kalula, akubizi. ✓✓ (2)

3.4 Awukho omunye umshwalensi wezimoto ongakunika amanani amahle kanje. (2)

3.5 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa amasu anembayo kulesi sikhangisi ngoba uveze isithombe semoto enhle ukuze wonke umfundi wesikhangisi alangazelele ukuyithola. ✓ Izindlela zokuxhumana okuyinombolo yocingo ongayisebenzisa ukuze uthole usizo. ✓/ Ulimi olukhohlisayo: Le ngeyakho!
Awukho omunye umshwalense wemoto. ✓ (2)
**(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukeleka)**

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4**

4.1 Lo wesiifazane ukhathazekile ngakubonayo kanti lo owesilisa ukhombisa ukungabi nendaba nesimo. ✓✓ (2)

4.2 Efreyimini yesibili kusetshenziswe ulimi olukhombisa inkolelo engaguquki ✓ethi onke amadoda ayefana. ✓ (2)

4.3 Inhloso yomdwebi ukuveza ukuthi inkinga yokuba khona kwangqonqwane iqale kancane efreyimini yoku-1 yakhula yaze yabagqiba efreyimini yesi-3 njengoba sebeya ngokusithela bengabonakali. ✓✓ (2)

4.4 Ngicabanga ukuthi owesifazane osefreyimini yesi-3 usebenzise umbuzo mbumbulu ukuzwakalisa ukudinwa njengoba owesilisa ephika ukuthi, ulivila sebeze bambozwa unqgoqwane. ✓✓ (2)

4.5 Izibiyelo ezikule khathuni ziveza ubuqiniso bokuthi uma kunenkinga abantu baye bakhulume ngalo njengoba owesilisa ekhuluma ephendulana nowesifazane. ✓✓ (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Asetshenziselwe ukugqamisa isimo sempilo senkathi edlule. ✓ (1)

5.2 Amadambi/ amagcumane/amayiwane.✓ (1)

5.3 Ayengazihlanganisi- ayezihlanganisa ✓ (2)
Amantombazane ayezihlanganisa nabafana ukucula ingoma.✓

5.4 Kumele into uyibuke amacala onke ungachemi. ✓✓ (2)

5.5 D/ Umhluzi. ✓ (1)

5.6 Lesi sakhi sisetshenziselwe ukuveza indlela ayayilekelela abantu besimame ukuze baphile / ukukhomba isimo.✓ (1)

5.7
- **Umusho omkhulu**-Ubhontshisi nawo babewuvuna, womiswe. ✓
- **Umshwana okhonzile okhomba isizathu**-Ukuze uphekwe wodwa noma ufakwe esitambini. ✓ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: [10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [70]**